**Okokuqala**

Ngiyethemba usuyangazi manje futhi uyazi ukuthi ngiyakuthanda ukuncokola, nakuba kunengcindezi. Eqinisweni uma ngingase ngizikhethele ukuthi izinto zingahamba kanjani mina ngingamane ngenze konke kube yihlaya nje konke ngikulungise ngaphandle kokuthi nawe ubhekane nayo noma wazi ukuthi kukhona okubhekwene nakho—besengiqhamuka ngikhanyisa konke ngaloludaba.

Asikho isidingo sokuba abantu bazikhathaze ngalokhu uma kukhona indlanzana lingakwenza kunyamalale. Kungangcono uma kungaba yimina engibhekene nalengwadla. Kubonakala sengathi lomculo abawudlayo engiwujwayele ngoba iwona mculo odlalwayo kulezizinsuku nalemidlalo esesiyidlalile iminyaka, yiwona ozosiholela empumelelweni yempucuko womhlaba wethu.

***"Ngivakashise emdlalweni we bhola"***

https://commons.wikimedia.org/wiki/File:MeekerBallGame.ogg?embedplayer=yes#

Okokuqala laba esidlala nabo sekube yibona abathandwayo isikhathi eside, ngalenkathi thina sesiqala ukwakha iqembu lethu sesilungele ukuba zonke izinto zenzeke, okuhle engingakucabanga ukuthi ngithi nginikeze induku yokushaya I bhola angeke sihlulwe namuhla nanomanini… kumele ngilindele isehlukanisi, uyabona, ngoba abadlali ngeqiniso…

uRaymond Reddington ukhiphela iCabal emhlabeni ( kulomdlalo kamabonakude i "The Backlist") manje sekuyisikhathi sokuba thina senze okufanayo emhlabeni, emhlabeni "wangempela."

https://youtu.be/bv1wBYQ4fQg

Ngakusho eminyakeni eminingi edlule ukuthi i Indonesia iyona msuka wayo yonke lento edinga ukuba yenzeke. Kumele. Ibi loku iphakathi nendawo kusukela eminyakeni yawo 1950's lapho ukuhlangana kwe Ntshonalanga ne Japanbeshushumbisa izimpahla zokwebiwa ikakhulukazi e China nayoyonke i Asia ukuze bazisebenzisele bona ngesikhathi esizayo.

Nomcebo ontshontshiwe njengenzuzo yempi okuhlangana nokuthi yahlelelwa ngaphambi kuka 1921 ummbusi u Herohito namazwe ayizikhondlakhonda eLondon. Ingakapheli nempi yokuqala yomhlaba sasesinabahamba umshosha phansi belungisela impi yesibili yomhlaba.

Ngokushesha emva kwempi yesibili yomhlaba nobusela nokudlwengulwa kwezizwe saba nesivumelwano sase BrettonWoods esasinika intshonalanga eyenza isimo sayo sezimali, ithuba lokuntshontsha noma yini ababeyithukusile.

**Ngempela bakuthukusa bekuthukusela isikhathi esibi, leso sikhathi yimanje, indawo abathukusela kuyo yi Indonesia.**

Ngaphandle kommnotho ontshontshiwe wabekwa endaweni enjenge Indonesia, intshonalanga izohlulwa kabuhlungu. iChina isezinyaweni zabo kanye ne Russia kanye India namanye amazwe ahlangene ne England ne Germany, futhi uma ngikhuluma iqiniso abazoqhubeka bayibekezelele lento yase ntshonalanga.

Kade bewaphundla amanye amazwe nangaphandle kwezimpi futhi lokho bekwenza ngokuncomekayo. Futhi iMelika ivotele umuntu ongazi lutho bamenza upresident, uyena ozothwala zonke izinsolo emlandweni zakho konke okwenzekile noma kungekona ubulungisa, kuliqiniso uma ubuka umuntu owumkhulumeli wentshonalanga ukuthi akazi ukuthi wenzani.

Esingenisweni esilandelayo uzobona ukuthi akukona nje ukuthi izinto ziyahlangana nalokhu okwenzeka e Indonesia kodwa konke kuhambisana nokhetho lobumongameli luka Donald Trump okukuphela kwendoda engasisiza futhi engakwazi ukusisiza.

Asisawadingi ama Democrats nama Republican ngoba bobabili banephunga (ama Soro/Rothschilds) nakuba umnumzane Trump ekhankasa ngaphansi kwama Republicans, ungasheshe ubhekisise emuva izinyanga ezimmbalwa lapho ayekulungele ukuhlukana naleli qembu uma liqhubeka ukudlala imidlalo.

Akayena omunye wabafana balo ngoba uyindoda ezimmele uyazikhokhela akaxhaswe mmuntu. Kulomdlalo obukwa wumhlaba jikelele usebucayini neIndonesia kuyiyona ebukwayo, ungakubona kucace izinto ziphindeka njengokuhlangana kuka Sukarno/Kennedy kuqhamuka maduzane phakathi kuka Trump no Widodo (upresident wamanje wase Indonesia)

Ngichithe isikhathi eside e Indonesia futhi ngiyabona ukuthi  (hhayi kuphela bona kodwa bonke) bangahlangana ngalokho benze izwe libengcono njengoba kufanele.

Kunezitebhisi ezidingekayo ezidingwa ukuthathwa, nezinto okumele zenziwe abantu base Indonesia ukuze kutholakale imiphumela ethize; kodwa umakonke lokhu sekudlulile akuyona i Indonesia kuphela eyohlomula kodwa sonke sohlomula.

Kodwa isikhiye sokuphumelela siyafana nesayoyonke imidlalo. Lokho **i “Trump card**” futhi yiba neqiniso lokuthi iMelika iyona ephethe leli  **“Trump khadi” iTrump card** elingajwayelekile emhlabeni.




**Isingeniso**

Ngendlela yakhe ejwayelekile yamahlaya, kulomcimbi uNeil uqala ngokwethula i "Snow Woman" sakhe uThasja obusiswe ngamehlo awo M & M namashell aseBali njengezinkinobho.

uNeil uyasho ukuthi lombhalo, ngeshwa, ubewusheshisa kodwa kukhona izinto ezimmbalwa ezisemqoka ezidinga ukushiwo.

Ukuhlasela okuncane kwase Jakarta akuhlangene nabantu bangaphandle. Lokhu kuhlasela kwakungomunye wemizamo yokusabalalisa itulo le Cabal le "Islamic State" nokhandaqina bama Islam emhlabeni jikelele futhi kwakungummbiko osuka kwi Cabal ithi ayifuni ukuvulwa kwomnotho wama Global Collateral Account kodwa ayikho into abangayenza.  Iqiniso ukuthi lesisehlakalo senziwa ngabantu base Indonesia uqobo-ababesebenzela I Islamic State eSyria. Lendoda isike yaboshwa iminyaka engaphezulu kwemibili eIndonesia iboshelwa ukulwa nommbuso.

uNeil ubuye asikhumbuze ngezidubedube eIndonesia ezazikhokhelwa usozikhwama wamaRothchild u George Soros-okwaqedwa ummbutho  wezempi wase Indonesia.

Uphinde akhumbule I Bill Clinton Arkansas Foundation eyayingenisa imali yama drug ezweni ukuze bazame ukubulala u vice president wase Indonesia-ngenhloso yokufaka uvice president ophethwe yi Cabal endaweni yakhe.

uNeil usikhumbuza ukuthi ummbutho wezempi waseJapan waviva okokuqala emva kwempi yomhlaba yesibili ngenjongo yokuhlasela bantshontshe igolide lase Indonesia; uKeenan wabavimba ngokuveza obala lonke itulo labo.

uNeil uphinde waveza obala itulo eliphathelene neColumbia lemali yama drugs ethunyelwe yiClinton Arkansas Foundation ku Indonesian Globalist namaPoliticians emizamweni yokwakha ukwesaba nezinxushunxushu eIndonesia nokwakha uhulumeni ongaphansi kweCabal.

Khumbula, babehlose ukubulala u vice president wase Indonesia.

Izigebengu zakwaClinton zazindizele khona nge jet yakucala, udadewabo wenkosi yase Japan naye wafika ngeyakhe iJet nomkhwenyanan wakhe wase Indonesia-izimali zasezidlulisiwe nge Bill Clinton Arkansas Foundation-zaqonda eqenjini lezommbangazwe.

Lezomali zazingekho emthethweni; Kwakuyizimali ezazibanjwe kuma drugs zathola indlela thizeni zesuka esikhwameni se Drug Enforcement Agency yaseMelika nge Arkansas Foundation ziya e Indonesia ngenjongo enkulu yokuntshontsha okwakungekona okwama Clintons noma kwaka dadewabo wenkosi yase Japan. Empeleni lomcebo ungowababafaki bezimali (depositors)

Saxwayisa ngalokhu kudala ukuthi lokhu kwakuyitulo, nokuthi empeleni ummbutho wase Japan wawumi ngomumo. Uma babehluleka wukuthenga igolide, intshonalanga nabahambisana nayo babezozama ukuthatha umcebo nganoma iyiphi indlela.

uNeil ukhumbula umhlangano we World Economic Forum eJakarta nemizamo yabo yokufaka ‘izandla zabo ezinamfukayo’ eIndonesia. Kusemqoka ukwazi ukuthi iWorld Economic Forum elinye igama lochungechunge lwe Builderberg. Lezinhlangano ziyafana kodwa zehlukene kwezinye izinto.

Empeleni siyazi ngokuqinisekile ukuthi indlela lezizigebengu ezingena ngayo emazweni ingendlela yokufaka izimali kakhulu zifaka izimali nemigomo enobugebengu. Ngokushesha uma izwe lingakwazi ukukhokha isikweletu elisikweleta iWEF, zibe sezifuna inkokhelo yezinto zomnotho, lokho kufaka nezikhundla zombusazwe.

uNeil uphinda uyasho ukuthi iChina namanye amazwe akwenze kwacaca ukuthi abasawafuni ama US dollar “Federal Reserve Notes.” Bawalahla futhi sebesebenzela ukuwisa I US dollar njengemali yomhlaba, ngokufuna ukukhokhelwa ngezimali zamazwe abo bekhokhelelwa izimpahla nemisebenzi eyenziwe.

Lokhu kusiza ekwehliseni ukubanjwa yi Cabal endleleni yayo eya ekuweni. Idollar lenkampani yakucala yaseMelika lalingasindiswa kudala kodwa manje sekufanele lihambe; vele selihambile.

Wonke umuntu usekhathele ngu Obama odonswa yi Cabal ngekhala, nemigilingwane yabamphethe.

Laba "bantu" abafana no Barrack Obama eMelika, David Cameron e UK, John Key eNewZealand nanoma ngubani ongu Prime Minister wangalesosikhathi e Australia- benza lokho abakutshelwa ngabaphathi babo ukuba mabakwenze.



uNeil ucabanga ngomkhankaso wobupresident wamanje eMelika abese qinisa inkolelo yakhe kumkhankasi oyedwa ozoba wusizo kubantu base Melika ongu Donald Trump.

Lapha kusenabantu abasazama ukubhekisisa indaba ka president Trump; uyena kuphela ongafuni ukungena indaba yokuxhaswa ngezimali zabanye nezezinkampani. Uzikhokhela yena futhi akafune muntu ozomfaka izintambo abesebuye afune ukuzidonsa.

Abanye abakhankasi bawo mbaxambili abangenathemba abayimikokotelo-uHilary yena uzogcina ejele.

uNeil uthi ngaphandle kuka president Trump kuyoba nzima kakhulu ukuthola umcebo wama Global Collateral Accounts ukungena e US ngaphandle kokuba lomcebo uthathwe yiCabal.

Ngakho-ke ; Udonald Trump akufanele akhethwe njengo president wase aMelika kuphela; kodwa “thina bantu” baseMelika  futhi “thina bantu” bomhlaba kufanele abei **Trump Card** yethu sonke.

Njengoba sazi iTrump Card ingaphezulu kwawowonke amakhadi.

Uyosiqedela konke okungathandeki okuhlala ngaphakathi, okuphethe izintambo izintambo, empeleni sihleze sikhukume nge PIED PIPER  njalo, kodwa lomuntu uyoshanela yonke imfucumfucu eyakhiwe abanye. Uyena ophambili, kodwa okungaphezulu kwakho konke ungu Donalt Trump yilokho okwenza azimele yedwa.



uNeil ubhekisisa inani lemizi ethengwa eNew Zealand, ngoba iCabal isiyabona ukuthi iziznda ebebenazo ezindaweni ezinjengo Costa Rica azikho kude ngokwanele kubona ; emfucuzeni abayidale ngamabomu. Bayabona ukuthi lemfucuza izobabamba.

Sekuqhamukile ukuthi amalungu e Cabal asehlela ukuyohlala ezindaweni ezisemajukujukwini ase New Zealand nokubulala baqede ama Maori-bafuna ukuthatha izindawo zawo zamakhosi ukuze benze izizinda zabo lapho.

Kodwa ama Maori ayisizwe sezimpi ; futhi maningi ase New Zealand akwaziyo lokhu futhi awubonayo lomdlalo oza ne Cabal.

uNeil usho ukuthi uxhaso lwemisebenzi  oluzoya eNew Zealand lusuka kuma Global Collateral Accounts luzoza kuphela ngo Richard oyilungu leqembu lika Keenan owazalelwa futhi ohlala e New Zealand.

eNew Zealand, njengakwezinye izindawo, ama GCA azosatshalaliswa ngendlela yama foundations azokwenziwa ngendlela yokuthi iCabal nezisebenzi zayo ingafinyeleli kuwona.

uNeil ucabanga ukuthi kufanele ngabe lento kade yenziwa, nokuthi kuqala izinsizakalo zazingasetshenziswa ngendlela okwakuyiyonayona-kodwake lokhu kwakulindelekele uma kwakusetshenziswa ukuhlaziya kwabantu abangazi kahle ngezinto-okwakuyibo ababenezwi ezindaweni.

Ngaphezu kwalokho, okunomthelela wokuthi asikaphumi ehlathini, izenzo zabaningi abafana neNtaliyane uDaniel Dalbosco, owayegxambukela, wasihlupha enzela iP2 Lodge/Vatican.

Lokhu kukhulunyiwe ngakho odabeni esisandakulikhipha  **‘History and Events Timeline’** ku website yethu. (Sekunama PDF downloads version alendaba akhona esingisi nesiRashiya. Sisenza amanye ezinye izilimi nangezinye izindaba)

uNeil usikhumbuza ngokwesabisa okwenziwa ngu John Carey ngesikhathi evakashele e Indonesia; ukuthi ufuna igolide-lapho etshelwa ukuthi angeke alithole wakhuluma ngesimo sezulu nokuzamazama komhlaba njengama Technologies intshonalanga(iqembu lama Zionist nama Nazi eCabal) elikwazi ukufinyelela kukho.

uCarey wasabisa ngezindlela eziphansi ukucwilisa iIndonesia(Nanoma iliphi izwe elimi endleleni yabo) futhi lokhu kwesabisa kuyaziwa….Ukuze wazi. Okunye okudinga ukubhekwa: iIndonesia isike yakuzwa ukuhlukunyezwa imishini ye HAARP, ne Turkey namanye amazwe ase South America.

iCabal angeke iyidle iIndonesia.

uNeil uthi uqinisisekile ngesitebhiso esidinga ukuthathwa kusuka lapha. Sesiseduze, futhi sizophumelela. Ayikho eminye imicabango sizophumelela. uNeil ukhumbula ukuthi ngesikhathi u JFK ebuyela ekhaya ephuma emhlanganweni wakhe wokugcina no president Sukarno eIndonesia ophathelene nemizamo yokusungula indlela entsha yezimali eMelika-ukuthi ngalesosikhathi uJFK basebemzame kabili.

Okokuqala ukubuya kwakhe ePapua esuka e Dutch eya kuma Indonesians okwadala ukungathandeki kwakhe ezikhulwini zika oil nezamabhizinisi ezazinamandla amakhulu phezu kwezindawo ezisemqoka, futhi ezazaziwa njengezinegolide phansi.

Okwesibili uKennedy okakuthathanga njengokusemqoka ukukhohliswa yiphini lakhe uLyndon Johnson owayethatha zonke izindaba ezazimayelana nokwakwenzeka e Indonesia azihambise kubaphathi bakhe izindaba ezaziphathelelne nokubulawa kwe CIA kanye namabhange e Federal Reserve.

Lokhu kwaholela ekubulaweni kuka JFK.

Bobabili upresident Kennedy no president Sukarno babesebenza imisebenzi eminingi ukuqinisa izizwe zabo futhi bazikhulise, kodwa eyodwa yalemisebenzi kwakuyindlela entsha yezimali eMelika, eyayizosusa yonke imali ye Federal Reserve, eyayibizwa nge FIAT, nokugaywa kwayo-ibuyisele wonke amandla okukhipha imali yesizwe kuhulumeni waseMelika.

Ngo June 4, 1963 umthetho owawungaziwa kapresident I executive order 11110 wasayinwa namandla okuphundla ibhange amandla alo okuboleka izimali iUnited State Federal Government ngenzalo.

Ngepeni, upresident Kennedy wasayina ukuthi ibhange lakucala iFederal Reserve Bank yayizophelelwa ngumsebenzi.

Okuqukethwe yi executive order ka president Kennedy’s executive order(E.O.) 11110 kwakulungisa eyayikhona kuqala I executive order 10289 eyayikhishwe ngu president Harry S. Truman ngo September 17, 1951 eyayithi:

> Unobhala we Treasury unikwe igunya namandla ukwenza lemisebenzi echaziwe okuyimisebenzi ka president, ngaphandle kwemvume ukuhlaziya noma okunye okwenziwa ngu president….
>
> Umthetho ube sewuyayibala imisebenzi (a) kuya ku (h) leyo yimisebenzi unobhala asenokuyenza ngaphandle kokutshelwa ngu president. Awekho amandla ku E.O. 10289 aphathelene nezimali noma imigomo yezimali. eka Kennedy i E.O. 11110 iphinde iyalelel ukuthi; isigaba sokuqala I executive order 10289 ka September 9, 1951 njengelungisiwe, ichibiyelwe (a) ngokunezezela ekugcineni kukaparagrapha 1 wayo isigamwana esincane esithi: amandla aphezu kuka president ngo paragraph (b) ka section 43 womthetho ka May 12 ka 1993, njengocibiyelwe (31 U.S.C. 821(b)), ukukhipha isitifiketi sesiliva nganoma isiphi isixebeledu sesiliva noma yisiliva noma amadollar eSiliva ajwayelekile aku Treasury okungabanjelwe ukushintshwa kwezitifiketi ezikweletwayo, ukubeka umthetho ohlukanisa lezizitifiketi nokwenza ama coin ajwayelekile amadollar esiliva nemali ye siliva esekele ukusiza ekushintsheni no (b) nokususa isigamwana (b) (c) zika paragraph 2 wakhona. SECTION 2
>
> Isichibiyelo salomthetho sasingeke silimaze noma yisiphi isenzo esenziwe noma yiliphi ilungelo elinikezwa noma elinikezwe noma yiliphi icala noma okuqhubekayo noma okuqala kunoma iyiphi inkantolo yommbango noma

yobu gebengu ngaphambi kosuku lalomyalelo kodwa zonke lezizikweletu zoqhubeka futhi zingacindezela sengathi lesisichibiyelo asikaze senziwe.

John F Kennedy

iWHITE HOUSE, June 4, 1963

ukuvala lokhu uNeil uthinta iphuzu lokuthi unezinto eziningi azenzayo futhi sekuyisikhashana izinto ziqale zinyakaze kungase kube manje noma kube uma esebuyele emuva e Indonesia. Siseduze kakhulu kokwesikujongile manje futhi u Neil ukhetha amazwi ache ngesikhulu isinono.

Neil Keenan neqembu lakhe

**Video Part One**

https://vimeo.com/152650430

**Video Part Two**

https://vimeo.com/152650429

**Copyright © 2016, GROUP K, Ltd.**

GROUP K LTD, PANAMA CITY

AUDACIBUS ANNUE COEPTIS

LOCATIONS: AUSTRALASIA, BULGARIA, DOMINICAN REPUBLIC, GERMANY, INDONESIA, JAPAN, PERU SINGAPORE, SWITZERLAND, THAILAND.